Umgomo Womhlaba Wonke Wokulwa Nenkohlakalo

I. INHLOSO

Ngokwemithetho yamazwe amaningi ukugwazwa ngisho nanokwamukela ukugwazelwa, umehlokaboni kanye nanoma nhloboni yenkokhelo enenkohlakalo kuthathwa njengokwaphula umthetho okungaholela ekutheni abakwa-Eaton kanye nezisebenzi zabo bahlawuliswe noma bagqunywe ejele. Lemithetho yokulwa nenkohlakalo ebandakanya uMthetho WaseMelika Wokulwa Nenkohlakalo, yenza kube ukwaphula umthetho ukukhokha, ukwethembisa noma ukunikeza iziphathimandla zikahulumeni wangaphandle, inhlangano yezombusazwe yangaphandle (noma ebusayo lapho) noma umuntu omele ihhovisi langaphandle nanoma yini ephathekayo ngenhloso yokwenza ukuthi izenzo noma izinqumo zalezoziphathimandla, izinhlangano noma zalabo bantu zivune wena. Ngisho ngabe lezo zinkokhelo zamukelekile kulawomazwe, umthetho usamile.

Inhloso yaloMgomo ukuqinisekisa ukuthi zonke izisebenzi, izikhulu kanye nabaqondisi bakwa-Eaton kanye nababambisene nabo bayawulandela uMthetho WaseMelika Wokulwa Nenkohlakalo kanye neminye yakwamanye amazwe lapho khona Inkampani yenza noma izimisele ukuqhuba umsebenzi khona. Lomgomo ubhekele lokhu okulandelayo:

- Ukugwaza, Omehlokaboni noma Ezinye Izinkokhelo Eziyinkohlakalo
- Ukwenza Izinkokhelo
- Ubuhlobo Nabanye Abaseceleni Abayingxenye Yomsebenzi Wethu

II. UBUBANZI

Lomgomo wengamela zonke izisebenzi, izikhulu kanye nabaqondisi benkampani yakwa-Eaton kanye nabasebenzisana nabo emhlabeni wonke. Lomgomo kumele ufundwe ndawonye kanye Nomgomo wakwa-Eaton Wobulungiswa mayelana Nezipho Nokungcebeleka Womhlaba Wonke Jikelele.

III. UMGOMO

Ukugwaza, Omehlokaboni Noma Ezinye Izinkokhelo Eziyinkohlakalo

Kuwumgomo wabakwa-Eaton ukuthi ekuqhubeni umsebenzi nanoma ikuphi emhlabeni, abakwa-Eaton, bonke ababambisene nabo, izisebenzi, izikhulu kanye nabaqondisi bakwa-Eaton noma ibaphi abanye abawumbimbi nabo, kanye nabo bonke abanye abantu abaqokwe ukuthi babamele, abaluleki bakwa-Eaton nanoma ibaphi

abasebenzisana nabo kumele bahambisane ngokugcwele nemithetho yokulwa nenkohlakalo eqondene nabakwenzayo ikakhulukazi owaseMelika. Izisebenzi zakwa-Eaton azivumelekile nanoma ngaphansi kwasiphi isimo ukuthi zikhiphe, zicele noma zamukele ukugwazelwa, umehlokaboni noma olunye uhlobo lwenkokhelo eyinkohlakalo nanoma iyiphi into ephathekayo eya noma esuka kumuntu noma enhlanganweni okubandakanya izikhungo zohulumeni, iziphathimandla zohulumeni, izinkampani ezizimele nabaqashwa balezo zinkampani.

Lokhu kunqatshelwa kusebenza:

- Emhlabeni wonke, akukhethwe ndawo.
- Ngale kokulandela usikompilo lwezifunda, izinqubo zezindawo noma izimo okuqhudelwana ngaphansi kwazo.
- Ekukhokheleni ukugwazela, omehlokaboni, noma enye inkokhelo eyinkohlakalo kusetshenziswa abanye abaseceleni, njengabamele inkampani, abasebenzisana nenkampani abazimele, abathengiseli nkampani, osonkontileka, abahlinzeki, okubanjisenwe nabo nanoma ibaphi abanye abaxhumanisi abamele inkampani yakwa-Eaton.

Asikho isisebenzi esiyojeziswa ngenxa yanoma ikuphi ukubambezeleka noma ukulahlekelwa umsebenzi ngenxa yokunqaba kwaso ukugwaza/ukugwazelwa.

Abanye Ababandakanyekayo

Lomgomo unqanda ukuphana, izethembiso kanye nokukhokhelana okuyinkohlakalo okwenziwa kusetshenziswa ababambisene nenkampani, abaxhumanisi, okubanjiswene nabo ngokomsebenzi kanye nabanye ababandakanyekayo. Ngakho-ke kubalulekile ukwenza ucwaningo mayelana nokuba semthethweni kwezinkambiso zalabo okubanjiswene nabo noma abamele inkampani kungazitshwa noma kugwenywe amaqiniso akhombisa amathuba okuthi kungase kube khona inkokhelo eyinkohlakalo. Inhloso yocwaningo lokubheka ukuba semthethweni kwalabo okusetshenziswana nabo, ukuqinisekisa ukuthi abakwa-Eaton bamelwe futhi babambisane nabantu abathembekile. Ngaphezulu kwalokho, izivumelwano phakathi kwenkampani kanye nabayimele noma abanye ababambe iqhaza kanye nokubanjiswene nabo kufanele zimelane nobungozi nokuthi kube khona izinkokhelo ezingekho emthethweni.

Izinkokhelo Zokuqhuba Umsebenzi

Yize umthetho waseMelika ukuvumela ukukhokhwa kwezimali zokuqhuba umsebenzi (inqobo uma zibikwe ngokufanele emininingwaneni yenkampani egciniwe), lezi zinkokhelo azikho emthethweni ngaphansi kwemithetho yamazwe amaningi/cishe onke

okungewona awaseMelika. Izinkokhelo zokuqhuba umsebenzi ziyizinkokhelo zamanani amancane ezenzelwe ukuthola noma ukusheshisa ukusebenza kwezinto yiziphathimandla zohulumeni abangebona abaseMelika. Isibonelo senkokhelo yokuqhuba umsebenzi kungaba ukuthola imvume ejwayelekile yokuqhuba umsebenzi, ukwenza iviza kanye nezigunyazo zokusebenza, ukuthola iposi kanye nokusebenzisa izingcingo, ukusheshisa impahla ethunyelwe kwababheka impahla engena ezweni (uma yonke imibandela yokuthola lezo zimpahla ilandelwe ngendlela egculisayo)

Abakwa-Eaton abakuvumeli ukukhokhwa kwezimali zokuqhuba umsebenzi <u>ngaphandle</u> kwalezizimo ezimbili ngaphandle uma kutholakale imvume Yomnyango Wezomthetho wakwa-Eaton **<u>kuphela</u>** (noma uma bekungeke kwenzeke ukutholakala kwemvume ngaphambi kokuthi kuqalwe ngenxa yesimo kumele kwenzeke ngokushesha okungenzeka emva kwalenkokhelo):

- Ukuhluleka ukukhokha kungafaka impilo yesisebenzi (noma esihambisana) engozini yanoma iluphi uhlobo.
- Ukuhluleka ukukhokha okungaholela ekutheni abakwa-Eaton balahlekelwe izimali noma bangene ezindlekweni ezinkulu ngenxa yokwehluleka kwesiphathimandla sikahulumeni ukwenza okuthile okusemandleni aso abakwa-Eaton abavumelekile ngokomthetho ukuthi bakuthole njengokuthi imboni yokukhiqiza ibambezeleke ngenxa yokunqaba ukuvula izinsizangqangi njengamanzi, ugesi noma ucingo imboni ibe ivumelekile ukuthi ibe nalezi zinto.

Amabhuku kanye Nokuqoshwe phansi

Ngenxa yombandela Womthetho waseMelika Wokulwa Nenkohlakalo wokuthi nanoma iyiphi yalezizinkokhelo iqoshwe ngokufanele emabhukwini kanye nokugciniwe kwakwa-Eaton, kusemqoka ukuthi nanoma iyiphi inkokhelo yokuqhuba umsebenzi ibikwe kumphathi wakho iqoshwe phansi njengenkokhelo yokuqhuba umsebenzi. Uma ingaqoshwanga ngendlela efanele, ngisho ngabe eyesenzo esamukelekile ngaphansi komthetho, kungaholela ekutheni abakwa-Eaton babhekane necala.

ISITHASISELO EMGOMWENI WOMHLABA WONKE WOKULWA NENKOHLAKALO

izibonelo

Isimo: Umhloli ovela kwahulumeni endaweni la kusimama khona ezokuthengisa uthole ukuthi kunezimo ezimbalwa eziwukuphulwa kwemithetho yezokuphepha okungekukhulu. Usabisa ngokuvala imboni yethu ngaphandle uma ekhokhelwa inhlawulo khona lapho.

Ukuhlaziywa: Kulesisimo xhumana Nomnyango Wezomthetho ngokushesha. Yize sinesifiso sokugwema izinkinga ezingenasidingo zeziphathimandla, ukukhokhela umhloli ovela kuhulumeni imali akulungile kanti maningi amathuba okuthi akukho emthethweni.

Isimo: Umphathi oqondene nokuthenga uthi uzovuma ukwakha isivumelwano sesikhathi eside sokuhlinzekana nabakwa-Eaton, kodwa kuphela uma abakwa-Eaton bevuma “ukunxephezela” ingxenye yenani lokuthenga enkampanini ethengisayo. Wenze njani?

Ukuhlaziywa: Uma uvuma ukunxephezela ingxenye yenani lokuthenga (uma inani ligcina lilihle ekuqhubeni ibhizinisi) ukuze uthole umsebenzi, qinisekisa ukuthi isinxephezelo sikhokhelwa e-akhawuntini yenkampani ethengisayo hhayi e-akhawuntini yangasese yomphathi wezokuthengisa noma omunye obandakanyekayo. Uma kwenzeka uhlangabezana nesicelo “esingajwayelekile” esimayelana nezinkokhelo, ukuthunyelwa kwezimpahla, njll. , zama ngakho konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi lezo zicelo aziphambani nomthetho, kanti futhi aziqhubi umkhonyovu othile.

Isimo: Abakwa-Eaton bafuna ukuthenga umhlaba ukuze bakhe imboni endaweni ethuthukayo ngokwezentengiselwano. Abanikazi bomhlaba ngumasipala. Umthengisi uthi kuwena uzokuhlanganisela ukuthi indawo uyithole “ngabantu bakhe” uma ethola ikhomishini ka-25% wemali yokudayiswa komhlaba. Uyayikhokha yini na leyokhomishini?

Ukuhlaziywa: Cha. Ngenxa yobukhulu benani lekhomishini, kanye nolwazi esinalo lokuthi umdayisi unabantu asondelene nabo kuhulumeni, lokhu kudala izinsolo ezanele zokuthi lokhu kudayiselana akuhambi ngendlela efanele.

Isimo: Emzamweni wokuphuma ezweni elinempi yombango, ugcinwa isiphathimandla sasendaweni sakwa-customs. Isiphathimandla sifuna ukuthi usikhokhele “imali yokulungisa izinto” engama-dollar angu-20 aseMelika ngenkani ukuze ukhululeke kwa-customs.

Ukuhlaziywa: Kulesisimo, ungayikhokha imali inqobo uma ubika ngokushesha mayelana naleyonkokhelo Emnyangweni Womthetho bese uphinde uqopha phansi leyonkokhelo ngendlela efanele.

Isimo: Ikhasimende likucela ukuthi ulinikeze amapheshana emininingwane yokukhokha amabili emva kokuba lidayiselwe okuthize – ipheshana elilodwa likhombise inani okuyilo kanti elinye likhombise inani elithe ukuba phezulu. Ikhasimende lizokukhokhela okubhalwe ephepheni lokuqala kanti iphepha lesibili elokuthi likwazi ukukhokhisa elimdayiselayo imali enkulu. Ingabe kwamukelekile yini lokhu?

Ukuhlaziywa: Cha. Ngokunikeza ikhasimende iphepha lemininingwane yokukhokha lesibili elinenani eliphezulu, abakwa-Eaton kungenzeka ukuthi basiza ikhasimende ukuthi lenze inkohliso noma inkohlakalo. Lokhu kungaholela ekutheni abakwa-Eaton babhekane necala noma ngabe kuyikhasimende elasebenzisa ipheshana lemininingwane yokukhokha ngendlela engalungile. (Kuyafana futhi nalapho ikhasimende licela u-Eaton alinikeze ipheshana lemininingwane yokukhokha elikhombisa inani eliphansi. Uma ikhasimende lisebenzise ipheshana lesibili ukwehlisa imali okumele lilikhokhe kwa-customs, abakwa-Eaton kungenzeka babekwe icala lokusiza ikhasimende ligweme lezo zimali.)

Isimo: Impahla enkulu yomkhiqizo wakwa-Eaton isendleleni eya ekhasimendeni elibalulekile endaweni esasimama kwezentengiselwano. Impahla ibambezeleke kwa-customs ngoba okokuphatha impahla akumakiwe njengokunobungozi njengoba kukhonjiswe emaphepheni okuthumela. Ngenxa yalokho kubambezeleka kusifake engcupheni yokuthi singahlangabezani nosuku esithembisa ukuthumela ngalo. Esisebenzisana nabo kwezokuthutha bakutshele ukuthi bangazincenga izikhulu zakwa-customs ukuthi zingalinaki iphutha uma ukhokha imadlana encane nje. Ingabe lokhu kuwumqondo omuhle?

Ukuhlaziywa: Cha. Njengesisebenzi sakwa-Eaton awuvumelekile ukwenza loluhlobo lwenkokhelo nokusebenzisa umthuthi ukuthi akwenzele yona, kuyafana nokuzenzela wena qobo lwakho. Asivumelekile ukucela omunye ukuthi asenzele okuthile thina esingavunyelwe ukuthi sikwenze.

Isimo: Ufuna ukuqasha umuntu osebenza ngokuzimele ukukusiza ekutholeni umsebenzi emakhasimendeni okubandakanya kuwo izikhungo zikahulumeni. Lomuntu osebenza ngokuzimele udinga u-$100,000 esandleni wemali “yokwenza izinto” kanye nekhomishini ka-25% kunanoma isiphi isivumelwano esenziwe. Lomuntu osebenza ngokuzimele akakaze asebenze ngemikhiqizo yakwa-Eaton kodwa udume njengomuntu “owenza izinto zenzeke”. Ungaba yingxenye yalokhu kubambisana?

Ukuhlaziya: Hhayi ngaphandle kokwenza ucwaningo olwengeziwe mayelana nokuba semthethweni kwalowomuntu nokuqiniseka ukusayinda izivumelwano zokukuvikela. Yize leso sivumelwano singaphambani nomthetho uma *usibuka,* kukhona okushaya amanzi

vumelwanongalesisivumelwano okungathi uma kungahlolisisiwe kufake wena kanye neNkempani engozini yokwephula uMthetho WaseMelika Wokulwa Nenkohlakalo noma eminye imithetho yokulwa nenkohlakalo. Qaphela izinkokhelo ezifuneka ngaphambi kokwenziwa komsebenzi kanye namakhomishini abanye ababandakanyekayo ikakhulukazi labo abazobe besebenzisana ngqo nohulumeni nabakudayisela indlela “yokungena”. Kungenzeka wenze ube wazi ngenhloso yophenyo Lomthetho Wenkohlakalo Wasemelika unganaki imininingwane mayelana nabayingxenye ukukhombisa ukuthi kungase kube khona inkokhelo eyinkohlakalo. Xhumana Nomnyango Wezomthetho ukuze ukusize ekwenzeni ucwaningo ngokuba semthethweni kwabamele inkampani nokukunikeza ulimi olufanele lokubhala vumelwanoisivumelwano.

Isimo: Uzimisele ukwenza umsebenzi ngokubambisana nenye inkampani ukuthola isivumelwano sokusebenza nohulumeni eMpumalanga Ephakathi. Ngesikhathi kusaqhutshwa izingxoxo, inkampani okubanjisenwe nayo iveze ukuthi inezivumelwano eziningi nabanye emazweni lapho inkohlakalo idlange khona. Ezinye zalezo zivumelwano zisetshenziselwa “ukunikeza imiyalelo” kuziphathimandla zikahulumeni. Lenkampani okubanjisenwe nayo ithi zibalulekile ekuqhubeni umsebenzi kulelozwe. Ungasebenza ngaphansi kwaleso sivumelwano?

Ukuhlaziywa: Hhayi ngaphandle kokuthola ulwazi oluthe xaxa. Yize inkampani okubanjisenwe yayenze lezizivumelwano ngaphambi kokubandakanyeka kwabakwa-Eaton, kusengaba inkinga ezimweni ezizayo uma ubheka ngeso lomthetho noma lebhizinisi. “Lemiyalelo Ekhokhelwe” ingabukwa njengokuhwebelana okunenkohlakalo. Njengengxenye yesivumelwano sokubambisana, abakwa-Eaton kungenzeka babekwe icala ngaphansi Komthetho WaseMelika Wokulwa Nenkohlakalo kanye neminye imithetho yokulwa nenkohlakalo – yize zingekho izisebenzi zakwa-Eaton ezazibandakanyeka kulokho kuhwebelana okuyinkohlakalo.

Ngasohlangothini lwezebhizinisi, ukubandakanyeka kwenkampani okubanjisenwe nayo noma abayimele enkohlakalweni esikhathini esedlule ngenhloso yokuthola umsebenzi kuhulumeni noma ukukubonelelwa nguhulumeni kungaba nomthelela omubi emsebenzini wangaleso sikhathi Inkampani ebandakanyeke kuwo. Ngaphambi kokwenza isivumelwano, xhumana Nomnyango Wezomthetho ukuze ukusize wenze ucwaningo olufanele. Ngaleso sikhathi ungabe ubuyekeza izivumelwano kanye namanye amaphepha, ube nezingxoxo nabantu abasemqoka uphinde uthuthukise ukumelwa kwebhizinisi. Lokhu kuyokusiza ekuqinisekiseni ukuthi izivumelwano nabanye abaseceleni azincikile ebudlelwaneni obunenkohlakalo.

IMIBUZO EVAME UKUPHAKAMA

Ngempela yini ukugwaza noma umehlokaboni?

Ukugwaza kungachazwa njengokuphiwa noma ukuthola noma yiluphi uhlobo lwenkokhelo, izipho, ukubolekwa, imali, umklomelo noma okunye okuwumvuzo noma inhloso yokwenza lokho, kusuka noma kuya kunoma imuphi umuntu njengendlela yokumnxenxa ukuba enze noma angakwenzi okuthile, noma ukwenza isinqumo sihambe ngendlela ethile. Isibonelo, ukukhokha imali ukuze (a) kutholwe, kugcinwe noma kuqhutshwe ibhizinisi; (b) ukuzuza ngokungafanele ekuqhubeni ibhizinisi (njengokuphathwa ngokwenzelelwa kwezentela) noma (c) ukunxenxa isinqumo noma ukuziphatha koseceleni oyingxenye noma ukwenza umphumela owufisayo, lokho kuwukugwaza-ke. Umehlokaboni uhlobo oluthile lokugwaza, kuwukubuyiselwa okungekho emthethweni noma okungenabulungiswa kwenkokhelo noma ingxenye yayo eyenzeke ngenxa yokuhwebelana ngokwebhizinisi okusemthethweni. Isibonelo, umhlinzeki ongenabulungiswa avume ukukhokhela umphathi wezokuthengwa kwezimpahla ingxenye yemali ukuze athole ukuklonyeliswa ngesivumelwano sokuba umhlinzeki.

Ingabe kuvumelekile yini ukwenzela umuntu okuthile ukumsiza noma ukumupha izipho esikhundleni semali ukuze avume ukwenza okuthile ekwenzela abakwa-Eaton?

Cha. Ukugwaza, omehlokaboni kanye nezinye izinhlobo zezinkokhelo eziyinkohlakalo kungaqhamuka ngezindlela eziningi kanti akukhona nje ukukhokhelwa imali kuphela. Kungaphinde kubandakanye izinto ezifana nalezi:

- Ukunikeza isihlobo salowo ogwazelwe umsebenzi
- Ukwethembisa umsebenzi ngemva kokuthatha umhlalaphansi esikhundleni somsebenzi kahulumeni
- Izipho zenani eliphezulu kakhulu noma izipho eziphathelene nezocansi

Qinisekisa ukuthi izipho, ukungcebeleka, kanye nezindleko zokuhamba okunikezwa izikhulu zikahulumeni kanye nezisebenzi zezinkampani ezizimele ngeke zithathwe njengokugwaza noma ezinye izinkokhelo eziyinkohlakalo. Bheka Umgomo Womhlaba Wonke Omayelana Nezipho Nokungcebeleka ukuze uthole umhlahlandlela mayelana nokunikeza noma ukwamukela izipho, ukungcebeleka kanye nokuhanjiswa okufanele okubandakanya abanye abantu.

Iminikelo yokusiza abaswele yona? Lokhu kungathathwa kanjani njengento engalungile?

Izisebenzi kumele zigweme iminikelo yokusiza abaswele noma uxhaso oluyindlela yokufihla ukugwazelwa noma ezinye izinkokhelo eziyinkohlakalo. Isibonelo, isiphathimandla esikhohlakele singaphakamisa ukuthi ngaphambi kokuthi Inkampani yamukelwe ukuthi ithole imiklomelo yebhizinisi, kufanele sivume ukunikelela uhlelo lokusiza abaswele olukhethwe yileso siphathimandla. Thola igunya Emnyangweni Wezomthetho ngaphambi kokwenza nanoma hlobo luni lomnikelo ofana nalowo. Sidinga ukuqinisekisa ukuthi: (a) uhlelo lokusiza abaswele lusemthethweni' (b) inkokhelo ngeke idluliselwe noma izuzwe isiphathimandla noma umndeni waso ngandlela-thile; (c) umnikelo usobala kuwo wonke umuntu kanti futhi imininingwane ngawo izoqoshwa emibhalweni yethu yezezimali (d) ukuhlelwa kuhambisana nayo yonke imithetho eqondene nalokho; nanokuthi (e) umnikelo awukhishwa ngoba kulindeleke ukuthi lowo owucelile azuze okuthile.

Ingabe kuvumelekile yini ukunikeza ikhasimende ipheshana lemininingwane yokukhokha elikhombisa inani lemali elingaphezulu noma ngaphansi kunemali elikhokhiswe yona?

Cha. Onke amapheshana emininingwane yokukhokha esiwanikeza amakhasimende kufanele akhombise inani langempela okuthengiswe ngalo imikhiqizo ebhaliwe. Lokhu kumele kube njalo noma ngabe sithini isizathu esinikezwa ikhasimende noma ngabe iyini inhloso yepheshana lemininingwane yokukhokha.

Siyini isiphathimandla sikahulumeni? Uma ikhasimende lingelomnyango kahulumeni, ingabe umphathi wezokuthenga uyisikhulu sikahulumeni?

Igama elithi "isiphathimanda sikahulumeni" libanzi kakhulu. Libandakanya zonke izisebenzi, kunoma iliphi izinga zomnyango noma zesikhungo sikahulumeni, kungakhathaliseki ukuthi isikhulu esiphezulu, isishayamthetho noma umahluleli. Izikhulu kanye nezisebenzi zezinkampani eziphethwe noma ezilawulwa uhulumeni nazo zithathwa "njengeziphathimandla zikahulumeni". Ngakho igama aligcini ngokubandakanya abantu abakhethwe ngokusemthethweni, abakwa-customs nabahloli bentela kanye nezikhulu eziqondene nemisebenzi kahulumeni, kodwa libandakanya nezisebenzi zezikhungo eziphethwe uhulumeni. Liphinde libandakanye (a) nanoma imuphi umuntu omele uhulumeni noma isikhungo sikahulumeni ngokusemthethweni; (b) izikhulu noma izisebenzi zanoma iyiphi inhlangano yomphakathi yamazwe ngamazwe njengeNhlangano Yezezimali Yomhlaba Wonke (phecelezi International Monetary Fund) i-European Union kanye Nebhange Lomhlaba; kanye (c) nezinhlangano zezombusazwe zangaphandle, iziphathimandla zezinhlangano nalabo abangase bakhethwe ukuba babe

izikhulu. Khumbula ukuthi lomgomo ulwisana nokunikeza, ukwamukela noma ukukhokhela ukugwaza, omehlokaboni kanye nezinye izinkokhelo eziyinkohlakalo kunoma ubani, ngisho ngabe bayiziphathimandla zikahulumeni noma cha.

Kwamanye amabhizinisi kujwayelekile ukuthola umxhumanisi osiza kuthuthukiswe futhi kunakekelwe ibhizinisi. Iziphi izinto ezisolisayo izisebenzi okumele zizibheke ukuqinisekisa ukuthi omele inkampani akazenzi izinkokhelo ezingafanele?

- Ucwaningo mayelana nokulandela umthetho kwalabo okungase kubanjiswane nabo ebhizinisini kubaluleke kakhulu ngoba kungenza ukuthi abakwa-Eaton bazithole besecaleni ngenxa yenkokhelo eyenziwa omele inkampani eyenzela abakwa-Eaton kube sengathi abakwa-Eaton bekuyibona abenze leyo nkokhelo. Qinisekisa ukuthi labo okungase kusetshenziswane nabo ebhizinisini bayinhlangano esemthethweni enekhono, izinsiza kanye nobuchule ukuze benze kahle okulindeleke kubo nanokuthi akekho kulabo okusetshenziswana nabo noma izisebenzi zabo kanye nabawumbimbi nabo abenze noma ongenza noma okunamathuba amaningi okuba enze izinkokhelo ezingafanele. Ukuzibuza lemibuzo kungakusiza ekutheni kukuqwashise mayelana nezindaba zezinkokhelo eziyinkohlakalo ezibandakanya abaseceleni ababambe iqhaza enkampanini:
- Udume ngani umbambiqhaza ikakhulukazi uma kuziwa ngasenkohlakalweni?
- Ingabe umbambiqhaza unokuxhumana neziphathimandla zikahulumeni, kwezebhizininsi noma kwezomndeni?
- Uma kukhona okuphathekayo ngokomthetho, ingabe umbambiqhaza uphethwe isiphathimandla sikahulumeni?
- Uma kungumuntu, ingabe umbambiqhaza uyisiphathimandla sikahulumeni njengamanje noma uke waba isona ngaphambili?
- Ingabe umbambiqhaza waphakanyiswa isiphathimandla sikahulumeni?
- Ingabe umbambiqhaza unezisebenzi, ulwazi kanye nezinto zokusebenza ezanele ukuqhuba izinsiza okudingeka ukuthi aziqhube?
- Ingabe inkokhelo, ikhomishini noma esinye isinxephezelo sombambiqhaza siyinani elizwakalayo futhi ingabe siyahambisana nenani lezimakethe ezinsizeni ezifanayo noma kuleyo ndawo?
- Ingabe umbambiqhaza uyayicela imali engukheshi, amabhonasi avamile, imali enkulu ekhokhwa ngaphambi kokuba kuqaliswe uhlelo kanye nanoma iyiphi inqubo yokukhokha engajwayelekile efana nenkokhelo kusetshenziswa ama-akhawunti akwamanye amazwe noma angekho emabhukwini?
- Ingabe umbambiqhaza uyawuqonda futhi uyahambisana yini nomgomo wakwa-Eaton onqanda izinkokhelo eziyinkohlakalo?
- Ingabe umbambiqhaza uke waba ngaphansi kwanoma iluphi uphenyo lukahulumeni, uphenyo olucubungulayo, noma ukujeziswa mayelana

nenkohlakalo?

Ekuphetheni, kubalulekile ukuthi ucwaningo lokulandelwa komthetho lwenziwe ukuze kubhekwe kuphinde kuhlolwe ukuziphatha kwezebhizinisi kwalabo okusetshenziswana nabo kanye nokulandela abazibophezele kukho esikhathini sokuqhutshwa komsebenzi okuhlangenwe ngawo ukuze kuthi noma iziphi izinkinga zisheshe zihlonzwe futhi zixazululwe.

Umnyango Wezomthetho ungasiza ukukuhola ekuzameni kwakho ukwenza ucwaningo lokulandelwa komthetho nasekuhloleni lolocwaningo lwakho

Anginankinga nocwaningo lwami lokuhlola ukulandelwa komthetho kwesingase sibambisane naye ebhizinisini kodwa iziphi izinto okufanele ngizifake esivumelwaneni phakathi kwethu nombambiqhaza?

Umnyango Wezomthetho ungakusiza kulendawo kodwa ngokwejwayelekile okuqukethwe esivumelwaneni kungabandakanya (a) izimiso zokulwa nenkohlakalo kanye nezivumelwano zeziqiniseko mayelana nenkohlakalo nokuhambisana nemithetho elwa nenkohlakalo okubandakanya owaseMelika (b) ilungelo lokubheka amabhuku kanye nemininingwane eqoshiwe yokusebenzisana naye kwezebhizinisi ukuqinisekisa ukulandelwa kwezivumelwano nezifungo kanye (c) namalungelo okuhoxisa ukubambisana kwezebhizinisi ngenxa yokwephulwa kwanoma imuphi umthetho olwa nenkohlakalo kanye nezifungo eziphathelene nalokho.

Kumele ngibhekane kanjani nokuphoqwa ukuthi ngikhokhe imali eyinkohlakalo noma ukwamukeliswa yona?

Ngale kodumo lakwa-Eaton, Umgomo wethu Wobulungiswa kanye nezinjongo zethu ezinhle, abanye bethu bangahlangabezana nalezi zimo ngesikhathi benza imisebenzi yabo lapho bebona khona ukuthi ongahle abe ikhasimende noma isikhulu ulindele ukugwazelwa noma enye inkokhelo eyinkohlakalo noma ukusinikeza umehlokaboni. Ngaphandle kwesinyathelo sokuqala sokunqaba isicelo noma imfuno, thola njalo usizo lwangaphakathi. Induna yakho noma omunye umphathi wakwa-Eaton angafinyelela enhlanganweni enezimfuno ezingamukelekile bese ekhuthaza ukuziphatha okusezingeni eliphezulu

Nakhu okunye okumele ukubheke ekuqhubeni kwakho umsebenzi:

- Yakha ubudlelwane – Gzicelela ukuthi kuphumelela wonke umuntu

- Gcizelela ukuthi uzimisele kangakanani ukusebenzelana nekhasimende, umthengisi noma isiphathimandla ukuze kube nezimo ezivuna wonke umuntu ezihambisana nezimiso zethu eziphuse kakhulu.
- Khuluma ngokubaluleka kwezinto ezithathwa njengezisemqoka kwa-Eaton, ukuhlonipheka kanye nokuqhuba umsebenzi ngendlela efanele.
- Khuluma ngokuthi abakwa-Eaton yini abayiphonsa esivivaneni: ukuhlwanyela kwezobuchwepheshe, Amakhono, Ukuqeqesha, Imisebenzi nokusimama.
- Ekuxoxeni ngezinto ezisemqoka kithina, khuluma ngesikulindele. Silindele ukuthi izisebenzi, esibambisene nazo ebhizinisini, abathengisi, osonkontileka kanye nezikhulu ziziphathe ngendlela ehambisana nalokho esikuthatha njengokubalulekile.
- Gcizelela kuziphathimandla zendawo ukuthi sihlwanyela emphakathini ngenxa yethemba esinalo ekukwazini kwabo ukusivikela ekutheni kulindeleke ukuthi sigwaze noma sibe nenkohlakalo.
- Chaza ukuthi umthetho ukhipha izinhlawulo ezinzima kabi kulabo abagwazayo nokubandakanyeka kwezikhulu zikahulumeni kanye nokuqoshwa okungalungile kwezinkokhelo ezingalungile. .
- Hlale uthumela umlayezo othi “Thina sinje” kanti futhi “Sisebenza ngalendlela”.
- Sebenzela ukuqinisekisa ukuthi isithunzi sakho nabakwa-Eaton sedlula esakho qobo lwakho. Yenza kungabi bikho ukulindeleka kwesidingo sokuthi kuze kucelwe izinkokhelo.

Okokugcina, shiya uma kunesidingo sokuthi ushiye ube wazi kahle ukuthi wenze isinqumo esifanele. Abakwa-Eaton abawufuni futhi abawudingi umsebenzi abangeke bakwazi ukuwuthola ngokusemthethweni nangobulungiswa.